## Awulitshelwe

Kungenzeka ukuthi ungomunye kwabayizigidigidi ezweni lethu abahaqwe nabakhahlanyezwe yigciwane lesandulelangculazi noma ingculazi. Njengabo bonke abakhahlanyezwe yigciwane lengculazi nengculazi, kungenzeka ukuthi uhlaselwa yimizwa yokuphoxeka, ukudinwa nokuzizwa uphelelwa yithemba uba nokulahlekelwa ngenhla yokwesaba ukuthi wena noma labo abaseduze kwakho bazobalekelwa.

## UNkulunkulu uyanakekela!

IBhayibheli liyasibonisa ukuthi uNkulunkulu unothando nokunakekela okukhulu kulabo abalahliwe nababandlululwa wumphakathi. Uma uzizwa usele dengwane uNkulunkulu uyasondela kuwe ngezandla ezivulekile:

> UNkulunkulu uyisiphephelo sethu
> namandla ethu;
> ufunyaniswa elusizo impela
> ekuhluphekeni.

AmaHubo 46:1

"Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula."

NgokukaMathewu 11:28-30

***Wonke amavesi acashunwe eBhayibhelini lesiZulu lango 1959/1997.**

## UJesu weza emhlabeni ukuzosindisa, hhayi ukuzokwahlulela

"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Ngokuba uNkulunkulu kayithumelanga iNdodana ezweni ukuba yahlulele izwe, kodwa ukuba izwe lisindiswe ngayo. Okholwa yiyo kahlulelwa; ongakholwa usahlulelwe."

NgokukaJohane 3:16-18a

"Kepha mina ngiyazi ukuthi
uMhlengi wami ukhona;
ekupheleni uyakuma othulini.
Nalapho sesishabalele isikhumba sami,
ngiyakumbuka uNkulunkulu
ngikhululekile enyameni yami,
engiyakumbona uqobo lwami;
amehlo ami ayakumbona,
kungabi njengomfokazi;
okuphakathi kwami kuyaphela
esifubeni sami."

UJobe 19:25-27

## Imikhuleko yethemba kulabo abahluphekayo

"Ungesabi, ngokuba mina nginawe;
ungapheli amandla,
ngokuba mina ngnguNkulunkulu
wakho;
ngiyakuqinisa, futhi ngiyakusiza,
yebo, ngiyakusekela ngesandla
sokunene sokulunga kwami."

U-Isaya 41:10

Kepha iNkosi yokuthula uqobo mayiniphe ukuthula ngezikhathi zonke nangezindlela zonke.

2 kwabaseThesalonika 3:16a

